

Lungisa izindaba zakho zentela ukuze uwathumele ngokungenazihibe amaphepha akho entela!

Bheka izitifiketi zakho zentela

Qinisekisa ukuthi usuwatholile ama-IRP5/IT3(a) akho kanye nezinye izitifiketi ezifana nezitifiketi zezokwelapha, izikhwama zomhlalaphansi, nakwabanye abahlinzeka ngemininingo ewusizo ekutholeni isimo sakho kuzibophezelo zakho zentela. Uma ungakzitholi izitifiketi zakho zentela, kumele uphuthume uye kumqashi wakho noma uhlelo lokwelapha noma isikhwama somhlalaphansi noma lowo ongahlinzeka ngemininingo ukuze wenze isiqiniseko bathobelile izidingo zokuthunyelwa kwamaphepha entela.

Ngabe ukhohlwe igamamfihlo lakho?

Uma kungukuthi usukhohlwe noma ufuna ukulungisa igama lomsebenzisi negamamfihlo kwe-eFiling, kuthole manje. Ungakwazi futhi nokukuthola kuzinsiza zakho zokuxhumana ngokusebenzisa i-SARS MobiApp.

Ngabe unekheli noma inombolo yokuxhumana entsha?

Lungisa imininingwane yakho efana nemininingwane yasebhangwe, ikheli kanye nemininingwane yokuxhumana ku-inthanethi ku-eFiling noma ku-SARS MobiApp ngokucofa kulinki ethi "SARS registered details".

Auto Assessment – sikuthumelela thina amaphepha akho entela

Ngenyanga kaNcwaba, sizohlola abakhokhintela abanengi sisebenzisa uhlelo oluzenzekelayo. Uma uwemukela umphumela wokuhlola, asikho isidingo sokuthi uthumele amaphepha entela ngoba sizobe sesikwenzelile thina lokho.

Uma ungene ohlelweni lokuhlola oluzenzekelayo, uzokwaziswa nge-SMS kuNcwaba – ngakho-ke sobe singekho isidingo sokuthi usishayele ucingo noma uvkashela egatsheni lethu. I-SMS leyo izokuyisa ngqo ku-eFiling noma ku-SARS MobiApp ukuze wamukele noma wenze izilungisa kumaphepha akho entela "Accept" noma "Edit".

Abanye abakhokhintela bangase bathole imbalelwano ngaphambi komhla lu-1 kuNcwaba echaza ngokuthi kungani bengeke bangene ohlelweni lokuhlola oluzenzekelayo, noma ebazisa ngomphumela wamaphepha abo entela abawathumela angnyaka wezi-2019. Lokhu kuzobasiza bathumele amaphepha abo entela asilele. Sicela ukuthi uwuthobele lowo myalezo bese uthumela namaphi amaphepha okubuyisa intela asilele ngokukhulu ukushesha, ukugwema ukubambezeleka uma usuthumela amaphepha akho entela onyaka wezi-2020, kanye nokwenza lokhu kungabi nazihibe kulo nyaka.

Uma ungakayibhaliseli i-eFiling noma ufisa ukudawuniloda i-SARS MobiApp, buka amavidiyo awusizo afundisayo ku-SARS YouTube channel. Cofa [lapha](#) ukuze ubuke ividiyo mayelana nokuthi ubhalisa kanjani 'How to register for eFiling', noma [lapha](#) ukuze ubuke eyokuthi ukwenza kanjani ku-SARS MobiApp 'How to register on the SARS MobiApp'.

ividiyo mayelana nokuhlola okuzenzekelayo isenziwa, izotholakala maduzane nayo ku-SARS YouTube channel. Hlala uqaphile kusizindalwazi sethu ngosuku ezophuma ngalo.

Uhlelo lokuhlola okuzenzekelayo silwenza ngokubheka imininingo esiyithola kubaqashi, izikhungo zezimali, izinhlelo zokwelapha, kubasingathi bezikhwama zomhlalaphansi kanye nakwabanye abahlinzeka ngemininingo egameni lakho.

Uma uyamukela imiphumela yokuhlola okuzenzekelayo futhi kukhona izimali ezibuyayo okumele uzithole, abakwa-SARS bazokukhokhela leyo mali.

Uma ukweleta u-SARS imali, ungakhokha usebenzisa e-Filing, nge-inthanethi ku-EFT noma ngokusebenzisa i-SARS MobiApp ngezinsuku ezibekiwe ezingumngamulajuqu eSazisweni sakho sokuHlola.

Uma ngingahlonzelwa ukuhlolwa ngohlelo oluzenzekelayo, kumele ngiwathumele nini amaphepha ami entela?

- 1 kuMandulo – 16 kuLwezi: Abakhokhintela abathumela amaphepha abo entela besebenzisa i-inthanethi nge-eFiling noma ku-SARS MobiApp

- 1 kuMandulo – 22 kuMfumfu: Abakhokhintela abangakwaiz ukuthumela amaphepha abo nge-elektronikhi bangakwazi ukuya emagatsheni akhethekile akwa-SARS [ngokubeka usuku lokuvakashela khona kuphela](#).
- 1 kuMandulo – 29 kuMasingana 2021: Abakhokhintela besikhashana abasebenzisa i-eFiling

Imigudu yeDijithali

I-eFiling ne-SARS MobiApp kukunika ithuba lokuxhumana nathi ngaphandle kokubamba olayini abade egatsheni lakwa-SARS noma ngaphandle kokushayela i-SARS Contact Centre. Ukuze ubone yonke imihlomulo nosizo olutholakalayo ku-eFiling naku-SARS MobiApp, cofa [lapha](#).

Yini i-Help-You-eFile?

Nge-Help-You-eFile etholakala ku-SARS eFiling, i-ejenti yakwa-SARS ingakusiza ugcwalise amaphepha akho entela uma ukuthola kunzima ukwenza lokho. Lokhu kwenziwa ngocingo ngesikhathi ungene ku-eFiling. I-ejenti izokwazi ukuphequlula kanye nawe ikukhombise indlela yokulandela inqubo yokuthumela amaphepha entela. Ngolwazi olwengeziwe cofa [lapha](#).

Ungabambi - sivumele sikushayele thina

Uma ungenaso isikhathi sokubamba ucingo, cofa ikinobho le-Help-You-eFile bese ukhetha u-“Call Me”, noma ucele lolu sizo ku-MobiApp. Enye yama-ejenti ethu izokushayela ucingo (batholakala ngeizkhathi zokusebenza kuphela). I-SARS Contact Centre (0800 00 7277) ivuliwe phakathi nezinsuku phakathi kwehora le-8am no-4pm, kanti ivaliwe ngamaholide nangezimpelasonto.

Ukubeka usuku lokuya egatsheni lakwa-SARS

Ngokubambisana sizame ukwenza izinqubo zethu eziningi zikwazi ukuzenzekela. Lokhu kusho ukuthi awusadingi ukuvakashela igatsha lakwa-SARS ukuze ubuyise amaphepha akho entela. Uma kwenzeka kuba ukuthi izimo zakho zehlukile futhi ngeke ukwazi ukusizakala ngezinqubo ze-inthanethi, ungavakashela amagatsha akhethekile akwa-SARS kodwa nakhona kumele uqale ubeke usuku lokuvakashela egatsheni. Yonke imininingwane iyatholakala kusizindalwazi sethu kanti futhi ungafunda isiqondiso sethu ngendlela yokubeka usuku lokuvakashela egatsheni i-[Book an appointment at a SARS branch for more information](#).

Qaphela imikhonyovu

U-SARS akasoze akucele imininingwane yakho noma yasebhangwe ngezincwadi ozithola ngeposi, ngombikombani (i-imeyili) noma nge-SMS. U-SARS angeke akuthumele amakhongco akuxhumela kwezinye izizindalwazi - ngisho nalezo zasebhangwe. [Buka izibonelo zemikhonyovu yakamuva](#). Siyabonga ngokulungisa izindaba zakho zentela. Hlala uphephile.

#DigitalFirst#YourTaxMatters